IBanga lesi- 3



ISIZULU

# Incwadi Enkulu yezindaba ezincane

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Incwadi yesi- 3



# Isetshenziswa kanjani Incwadi Enkulu:

Njengothisha, kuzodingeka uzilungiselele ukwenza isifundo sokufunda ngokuhlanganyela nekilasi lakho. Ngokujwayelekile, uma kufundwa ngokuhlanganyela wena thisha usebenzisana nekilasi lonke; kanti uma lilikhulu kakhulu kudingeka ulehlukanise amaqembu amancane, noma-ke usebenze nengxenye yalo. Kumele uqiniseke ukuthi abafundi bahlala benze isiyingi bayibone kahle Incwadi Enkulu ukuze bakwazi ukufunda kalula okubhalwe kuyo.

Encwadini Enkulu umfundi ufunda ukubamba incwadi, ukuyimisa kahle, kanye nokuphenya amakhasi ngenkathi kufundwa ngokuhlanganyela. Nendlela okufundwa ngayo umfundi uyaqeqesheka ngayo, kuthuthuke ikhono lokulalela, lokukhuluma, lokufunda imibhalo, lokucabanga nelokubhala, njengoba kubalula iCAPS:

- Ukuthuthukisa ikhono lokulalela nokukhuluma.
- Ukuthuthukisa ikhono lokufunda kwabasaqala.
- Ukuphendula imibuzo emayelana nendaba.
- Ukuzibandakanya ezingxoxweni nalapho kukhulunywa ngokudedelana.
- Ukudweba, ukulingisa indaba.
- Ukusebenzisa izithombe ukuqagela ukuthi indaba imayelana nani.
- Ukufunda ngokuhlanganyela ukuze kuthuthukiswe ukubhala ngokuhlanganyela.

## Ukulungiselela ukufunda Incwadi Enkulu

- Qiniseka ukuthi bonke abafundi bayayibona incwadi. Uma ikilasi lakho lilikhulu, yakha iqembu elincane usebenze nalo.
- Kuzodingeka wenze uhlaka ozomisa ngalo incwadi ukuze uvike ukuhlala uyibambile ngenkathi kufundwa. (Bheka imiyalelo yokwenza uhlaka lokumisa incwadi ekhaveni ngemuva.)
- Sebenzisa irula ukukhomba nokulandela amagama ngenkathi ufunda.
- Uma ufuna ukugqamisa amagama athile, sebenzisa amabhamuza enkulumo ukokelezele igama ngawo, noma usebenzise esikubiza 'ngephepha elinefasitela'. Ungakwenza lokhu ngokusika iphepha libe ngunxande, bese usika unxande phakathi nalo wakhe ngawo ifasitela, bese leli phepha ulibeka phezu kwamagama ukuze kugqame igama elilodwa ngesikhathi.

## Ukufunda ngokuhlanganyela kokuqala

Ingxenye yokuqala kulesi sifundo ibheka kakhulu ukuthi abafundi bayakujabulela yini ukufunda 'nokubona' umbhalo okokuqala, lapho abafundi kudingeka khona bakhombise ukuzibandakanya ngamunye ngamunye.

- Phenya amakhasi endaba ezofundwa udlulise amehlo. Xoxa ngezithombe zayo.
- Cela abafundi baqagele ukuthi indaba imayelana nani ngokulandela izihlokwana kanye nezithombe.
- Yethula amagama alukhuni namasha ngaphambi kokuthi abafundi bayifunde indaba.
- Yenza amakhadi amagama uwasebenzise ukwethula ulwazimagama.
- Yifunde indaba usebenzisa izimo ezahlukahlukene zobuso uphinde uguquguqule izwi, ubuye ufunde ngokushesha. Sebenzisa izitho zomzimba kanye nezimo zobuso ngokuziguqula njalonjalo.
- Sebenzisa induku noma irula ukukhomba amagama ngenkathi uwafunda ukuze abafundi babone ukuthi ufunda kuphi, bakwazi ukunamathisela umsindo wezinhlamvu ngokufanele ekhasini. Lokhu kuzobasiza ukuthola ukuthi kufundwa kusukwe kwesokunxele kuyiwe kwesokudla, kanti kuqalwa phezulu kuyophunywa phansi.
- Sebenzisa lokhu ukwethula 'ulimi lwencwadi': amagama, imisho, ikhasi, umbhali, isihloko, njll.
- Dedela abafundi bazibandakanye nendaba ngokuthola ithuba lokungenelela (njengokuthi badedelwe bamemeze uma mhlawumbe kuthiwa "Gijima, gijima, gijima kakhulu, ngeke uze ungibambe kodwa mina – ngiyindoda eyisinkwa sezimanga!") uma kukhona lokhu embhalweni ofundwayo.
- Kumele kufundwe indaba efanayo izikhathi ezimbili noma ezintathu ukunikeza abafundi ithuba lokuqonda amagama angaba yidlanzana, ukulingisa izinto ezenzeka endabeni noma ukuphinda baxoxe izingxenye zendaba bazethule ngawabo amazwi.

## Ukufunda ngokuhlanganyela kwesibili

- Lapho sekufundwa okwesibili kudingeka kusetshenziswe umbhalo ofanayo, bese kubhekwa kakhulu ukuzibandakanya kwabafundi ngokuthi uthisha axoxisane nabo ngenhloso yokuthuthukisa ulwazimagama, ukuqonda izakhiwo zamagama (ulimi, ukusetshenziswa kwezimpawu, njll).
- Kukuwe thisha ukuthi ubheke kakhulu izinto ezifana: nokuma kwemibhalo, ukwakheka kwemibhalo, imisindo, ulimi, ukubona amagama athile kanye namazinga ahlukahlukene okuqonda imibhalo (ukuhleleka, ukuthi amagama aqondeni, ukuwacwaninga kanye nokubuza imibuzo ekhombisa ukulangazelela).

## Ukufunda ngokuhlanganyela kwesithathu

- Uma sekufundwa okwesithathu, abafundi kumele bazifundele bona uqobo, baxoxe baphinde babhale imisebenzi yokwenziwa ngombhalo abawufundile.
- Uma kuvuma, Ukufunda Ngokuhlanganyela kumele kubambe iqhaza ekwenzeni ngcono Ukubhala Ngokuhlanganyela, lapho uthisha ekhombisa khona ukuthi kubhalwa kanjani, abafundi babhale ngokwabo nabo ngenkathi uthisha elokhu ebahlola enza namanothi. Lokhu kukhulisa abafundi uma kufika isikhathi sokuzenzela ngokwabo imisebenzi ebhalwayo.

## Izindaba ezikule ncwadi:




1 Idayari kaMandu eyimfihlo 1





2 Idayari yabantwana abakhonondayo 7

# 1 Idayari kaMandu eyimfihlo




UMandu ubethanda ukubhala kudayari yakhe nsuku zonke. Usuku ngalunye ubebhala izinto azenzile. Ubhale nezimfihlo zakhe angathandi ukuthi abantu bazibone. Ubazi ukuthi kuzofuneka ayifihle idayari.

Ufune indawo ngasembhedeni wakhe lapho ebengayifihla khona, La ingeke yatholwa muntu khona. Ekugcineni ukhethe ukuyifaka ngaphansi kombhede.

Ngelinye ilanga ntambama, ngenkathi uMandu nomngani wakhe uMimi bebuya esikoleni, uMandu wathola idayari yakhe ivulekile iphansi ekamelweni lakhe lokulala. "Wo, bona Mimi! Kukhona umuntu obefunda idayari yami!" wayesememeza-ke lapho.

"Musa ukukhathazeka," kusho uMimi. "Thola indawo engcono uyibeke kuyo ngesikhathi esizayo."



Bayihlola idayari. "Bona le minwe engcolile ethinte lapha," kusho uMimi. "Wumkhondo lona."

"Yilo mfana wakithi omncane, uThabo," kusho uMandu. "UThabo uhlala eneminwe engcolile." Wakhumbula ukuthi umfana wakubo uneminyaka emi-5 ngakho akakwazi ukufunda.

Wathola unwele olubomvana emakhasini edayari. "Wumkhondo wangempela lona," kusho yena. "Kukhona umuntu wezinwele ezibomvana obefunda idayari yami. Bonke abantu emndenini wami banezinwele ezimnyama. Ngabe ngubani lona? Ngubani onezinwele ezibomvu engimaziyo?" ezibuza ebuka izinwele

zikaMimi ezibomvana.

Bahlala phansi bakha icebo. UMandu wabeka idayari yakhe ngaphansi kombhede. Wathela ufulawa omncane phansi eduze kombhede.

Lokhu wayekwenzela ukuthi akwazi ukubona ukuthi ngubani lo owayevule idayari yakhe. Aphuma amantombazana ayocasha ekhoneni alinda.

Masinyane, kwezwakala umsinjwana ekamelweni lokulala. Bagijima bangena. Hhayi bo! Yini le engiyibonayo? Kwase kugcwele imibhalo yezinyawana ezinamazipho. Nasiya isigebengu.



Yinja. Ineziboya ezinde. Beyidlala ngedayari ngaleso sikhathi. Awazange akukholwe lokho amantombazana.

Inja lena nguZola. Nguye umfundi wedayari lena. "Ngesikhathi esizayo," kusho uMimi, egijimisa izandla eboyeni obubomvana, "kuzofuneka uthole indawo engconywana yokufihla le dayari".

Isuselwe ephepheni lika-ANA lowe-2012

Ngingakaqali nje ...


Igama lami ngingu John Thwala, kodwa abangani bami bangibiza ngoNganeziyakhononda. Ngihlale ngibhala izinto eziningi kudayari yami, ngifana nosaziwayo. Ngiyakuthanda ukubhala kudayari yami, ngibhala kuyo nsuku zonke. Kuyangisiza lokhu ngoba ngigcina sengiyazi impilo yami nokuthi ngizokwenzani nsuku zonke, ngizozilungisa kanjani izinkinga enginazo.

Ngingubani-ke? Ngingumfana oneminyaka eyi-9 ubudala. Ngihlala elokishini nomama kanye nobaba. Udadewethu omdala nguPhindile, uneminyaka eyi-12, uthanda ukungishayela imithetho. Umfowethu uneminyaka emithathu ubudala. Ugangile!

Ngingumuntu onjani? Ngimfushane kunabo bonke abangani bami. Ngihlale ngifake izibuko. Ngesinye isikhathi ngiba nenkinga yokuthi abantwana abanye bathi ngiyabacasula bese bengedelela, kodwa uma sesejwayelene bakhombisa ukungithanda. Ngesinye isikhathi bathi

ngiyahlekisa. Uma uke wayifunda idayari yami uzobona ukuthi ngisho ukuthini.

Noma ngihlala elokishini, isikole engifunda kuso siseduze nedolobha. Nginabangani abaningi abakhulu nabancane, bezinhlanga ezahlukahlukene. Abangani bami abakhulu uJabu, uRobert, uJenny noShawn. Ngiyamthanda uMary, kodwa angifuni abantu bakwazi lokho.



Inyanga: ngu-Okthoba

UMsombuluko

Zivuliwe izikole namuhla emva kwamaholide abe mnandi. (Ngenkathi ngisemaholidini ngigibele ihhashi, langiwisa, angizange ngikhumbule esikoleni.)

Ngijabulile ukubona uJabu lapho kuvulwa izikole. Ngibone noRobert kanye noShawn. Kube nenkinga evele lapho kuphuma isikole. Besidlala ibhola. UMnu Jones ongumqeqeshi, ungitshele ukuthi mangiwabheke amapali ngikhahlele ibhola ngilifake kuwo.




Ngivele ngabona uMary engibuka elaphaya eceleni. Angazi ukuthi kwenzekeni, ngizibone sengihamba ngezandla phansi ngizama ukujabulisa uMary. Ngisuke lapho ngalikhahlela kakhulu ibhola. Lasuka njengenhlamvu, ngenkathi mina ngisala ngiwa ngilala ngomhlane, laya phezulu, labuya langishaya ebusweni, langishiya ngiphuma umongozima.



Ngizizwe ngiyisilima esinjani nje! Ngikhononde njalo.





NguLwesihlanu

Namuhla kusuke esinye isidumo. Umama uhlale esikhuza ukuthi singabhukudi emfuleni. Bekushisa kakhulu, sasuka sinoRobert saya emfuleni sayobhukuda. Sizikhumule sazishiya emadwaleni izingubo zethu. Sishaye amanzi abheka phezulu sesibhukuda emfuleni. Sihambile isikhathi thina silokhu sidlala.

Kuthe kamuva, ilanga seliyoshona, saphuma emanzini safuna izingubo zethu. Asizange sizithole. Saqalaza saqalaza, saze sazibona izimbuzi zidla izingubo zethu. Mina ngibone eyodwa ibaleka nesikhindi sami. Sizamile ukuzemboza sagijima saya emakhaya. Umama uthukuthele kakhulu! Uthe akazungivumela ukuthi ngiyodlala kuze kuphele isonto elilodwa. Ngisabalisa namanje ngoba izimbuzi zidle izingubo zethu.

## NgoMsombuluko

Namuhla ntambama ngizwa ngingajabule. Bekuwusuku lwekhonsathi lesikole. Kunomdlalo okufanele ngibe yimpungushe kuwo osihloko sithi "Amazinyane ayisikhombisa". Ngithe uma ngigibela esiteji, ngawakhohlwa amazwi ami. Bengilokhu ngizikhumbuza wona emasontweni amathathu adlule, kodwa manje angisawakhumbuli. Ngishaywe wuvalo, kwaqhaqhazela amadolo.

Ngizamile ukuthi, "Bantwana ngivuleleni, ngingumama wenu. Nginiphathele ukudla." Labaleka izwi lami futhi. Ngashwashwatha, "Bant- bant- bantwana... Ngi... ukudla!" Uthisha wami ubelokhu ezama ukungikhumbuza kodwa awavuma ukufika amagama. Ngibabonile abomndeni wami behlezi ezethamelini. Ngethuka. Ngithe uma sengiphuma esiteji, ngakhutshwa yindlu yembuzi, ngawa. Bakithi! Kuthi akufane nephupho elibi lokhu!

NgoLwesithathu

Namuhla besibhala iphepha lesiNgisi. Yileli elibizwa ngo-ANA, elibhalwa yibo bonke abantwana eNingizimu Afrika. Ngizwe koma umlomo ngenkathi ngithi ngiyafunda. Ngethuka. Ngathatha ibhodlela lami lesiphuzo, ngicabanga ukuthi uthisha ngeke angibone. Wangibona! Uthe esangibhekile, kwashayiseka ibhodlela ngephutha, sachitheka isiphuzo sami sathela amaphepha okuhlolwa, sayothela namaphepha kaRobert.


Uthisha wangithumela ehhovisi likathishomkhulu, ovele washayela umama ucingo. Ngizoba senkingeni futhi! Empeleni angiphathekile kahle. Ngiyakhononda.

Inyanga: UNovemba
NgoLwesithathu

Namuhla bengiyodlala isikeyithibhodi noShawn noRobert. Sisuke saya epaki lokudlala amasikeyithibhodi. UShawn noRobert bebendiza ngejubane beqa amagqunyana, bephuma ngezindledlana ezincane. Ngazama nami kodwa ngawa ngashaya ngobuso phansi. Ngenkathi ngisazithintitha uthuli, ngabona uPhindile, udadewethu oneminyaka eyi-12. Wangitshela ukuthi umama uyangibiza.

UPhindile uthathe ihelmethi kwathi emizuzwaneni emibili, wayeseshushuluza ngesakhe isikeyithibhodi, eya le nale, ephenduphenduka, ephakama aze ashone phansi ngekhanda. Kwenziwa yini ukuba amantombazana akwazi ukudlala lezi zinto kalula nje? Wasuka lapho wahamba ngesami isikeyithibhodi waya ekhaya, mina ngamlandela ngemuva ngizama ukumfica. Umama wamemeza engithethisa ethi angiyigqokile ihelmethi.

Angikwazanga nokumtshela ukuthi uPhindile othathe ihelmethi yami. Abantu abadala babuye bahluphe ngoba abaziqondi ezinye izinto.



## NgeSonto

Namuhla besikwagogo siyodla ilantshi khona. Ngijabulile ukuhlangana nabazala bami futhi, ngahlangana nomamncane futhi!

"Bonani ukuthi muhle kanjani uJohnny!"

"Sewukhule kanje! Sewukhule waba ngaka!"

Umamncane uJane wangipha ijezi alenze yena ngezinti. Ngabona ukuthi walenza enothando ijezi noma ayecabanga ukuthi ngisemncane ngoba ngineminyaka emihlanu kuphela.

"O, ngiyabonga, Mamncane. Kade ngangifisa ukuba nejezi eliphuzi," kusho mina ngomoya omnandi. Kujwayelekile ukuthi abantu abadala kube nezinto abangazamukeli kahle.

Inyanga: nguNovemba
NgoLwesihlanu

Izolo ebusuku ngilale kubo kaRobert. Ngizwe esengivusa uRobert ezwa umsindo ekhabetheni. Ubecabanga ukuthi kunesilwane. Sethukile impela, kanti ekugcineni sizothola ithoshi, salikhanyisa. Sibone amehlo aphuzi acwazimulayo phakathi ekhabetheni. Samemeza sicabanga kuthi yisilwane. Empeleni bekuyikati likaRobert. Angibange ngisazumeka emva kwalokho.

Namuhla bengozela ekilasini. Uthisha wami uthe uzoshayela umama ucingo, ngoba esola ukuthi ngiyagula. Ngimtshelile ukuthi angilalanga kahle ebusuku bayizolo. Uqhubekile washayela umama ucingo. Abantu abadala kunezinto abangaziqondi kahle ngempela.

## NgoLwesibili

Namuhla wusuku lukathisha lokuzalwa. Umama unginike izimbali ukuthi ngiziphathele uthisha. "Anginakuphatha izimbali ebhasini," ngisho ngicabanga. "Bazothini nje abanye abafana?" Kwathi ngenkathi ngihamba ngiqonde esitobhini, ngafikelwa wumqondo omuhle! Ngazifaka phakathi esikhwameni izimbali ukuze bangaboni abanye abantwana ukuthi ngiphethe izimbali.

"Sawubona Nkk Sabelo. Usuku oluhle lokuzalwa." Ngakhipha izimbali esikhwameni, ngabona ukuthi zifihlizekile, zigobile futhi.

Kamuva, saculela uthisha wethu iculo lokumfisela usuku oluhle lokuzalwa.



Siyakwamukela kulolu chungechunge lweZincwadi Ezinkulu. Incwadi Enkulu lena ingxenye yezincwadi ezisohlwini olubizwa ngeRainbow Series, okukhona kuyo izincwadi zokusebenzela, isilulu sezindaba nezinkondlo, amaphosta kanye nezincwadi ezihlelwe ngamazinga ehlukahlukene. Sethemba ukuthi uzozithola zilusizo izindaba ezahlukahlukene ochungechungeni lwalezi Zincwadi Ezinkulu eziyisishiyagalombili ezibekelwe leli banga. Kulindeleke ukuthi abafundi bakho bakuthokozele ukufunda ngokuhlanganyela. I-CAPS, Emabangeni Aphansi iphawula ukuthi kubalulekile Ukufunda Ngokuhlanganyela ekufundiseni ukufundwa kwemibhalo. Ukufunda Ngokuhlanganyela kuvame ukuthatha izinsuku ezimbili kuya kwezine esontweni ngalinye lapho umfundi ngamunye efunda khona umbhalo ofanayo. Izincwadi zokusebenzela, ndawonye nezincwadi ezihlelwe ngokwamazinga, kulungiselwe ukufezekisa yona le ngxenye yokufunda.

Nokho-ke, ukusebenzisa Incwadi Enkulu enamagama amakhulu lapho fundwa ngokuhlanganyela, kuyindlela enhle kakhulu ngoba abafundi bakwzi ukubona amagama nezithombe, bakulandele ngenkathi ufunda, lokhu kwenzeke ngendlela efanayo nangenkathi izindaba zisaxoxwa. Kubalulekile ukuthi abafundi bahlale bakhe isiyingi bakokelezele Incwadi Enkulu, ukuze bawubone futhi bawufunde kahle umbhalo wayo. Amagama amakhulu akule ncwadi asiza ukuthi kufundeke kalula ngokuphumisela ukuze kuzwe abafundi abaningi ngesikhathi esisodwa esimeni esikhululekile nesejwayelekile.

Izincwadi ezinkulu kulolu chungechunge zethula kubafundi izindaba ezahlukahlukene, izinkondlo, imilolozelo kanye nemidlalo okuhambisana nolwazi kanye nemibhalo enezithombe.

Umsebenzi wakho njengothisha ukwenza izindaba ziphile ngenkathi ufundela abafundi, zijabulise, zibe nogqozi. Ukusebenzisa Izincwadi Ezinkulu kwenza ukufunda kuthokozelwe nguwe kanye nabafundi ngokufanayo. Sethemba ukuthi le ncwadi izokusiza kulokhu.



## Zenzele olwakho uhlaka lokumisa Incwadi Enkulu




### Nakhu ozokudinga:

1. Ikhadibhodi elinobubanzi obulingana nobeNcwadi Enkulu (594 mm) kanye nobude obuphindwe kathathu (1360 mm).
2. Itheyiphu yokunamathisela
3. Amaphegi amabili okunamathisela ikhadibhodi.

Sebenzisa itheyiphu yokunamathisela ukuhlanganisa izingcezu zekhadibhodi.

Goqa ikhadibhodi ulenze uhlaka bese ubamba iphansi lalo nengaphambili ukuhlanganise njengoba kukhonjiswe emdwebeni.











## Eminye imibono ngokufunda Incwadi Enkulu

- Sebenzisa ipulastiki ukwemboza Incwadi Enkulu. Kuyamsiza umfundi kanye nothisha lokhu ukuba abhale kukho.
- Bhala ngepeni elisuleka ngamanzi kulesi sembozo sepulastiki.
- Sebenzisa iphegi ukunamathisela ipulastiki encwadini enkulu.





ISBN 978-1-4315-2983-4

9 781431 529834

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2983-4


**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**


basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa



© Department of Basic Education



First edition 2016



The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.



The Big Books in this series are available in all languages. They were developed by a team of UNISA Language and Education experts as part of their Community Engagement contribution to South Africa's education sector.



**Author: V McKay**